IsiZulu

# Khetha abangani abahle



Khanyisa Mukansi

# Khetha abangani abahle

Ibhalwe ngu Khanyisa Mukansi
Kufanekiselwa ngu Lutfia Ebrahim-Kamish



Kuhunyushwe ngu Samkelisiwe Nyathi


GRADE 2

Abafundi bebefika ngenjabulo ebangeni lesibili ekuseni.

Bebegqoke umfaniswano wabo omnyama nophuzi.

Babebingelelwa uthisha wabo uNkk Ngidi. Wayeziqhenya kakhulu ngekilasi lakhe.

Ukhuthaze futhi, wasekela abafundi emfundweni yabo. Kwaba nokuthula ekilasini.



Lokhu kuthula kwaqala ukubhujiswa.

Konakaliswe ukunyamalala kwamaphensela.

Kwenziwa uphenyo lwamapensela.

Kodwa amapensela awatholakalanga.

Lokhu kummangeze kakhulu uthisha uNkk Ngidi.


GRADE 3

Yaqhubeka inkinga. Abanye abafundi bakhala ngokuthi kudliwe ukudla kwabo.

Bamangazwa ngesikhathi sekhefu umabethola iziqukathi zabo zokudla, zingenalutho.

Kwadingenga balambe njengoba babebheke ngokulangazelela abanye bedla.

Uthisha wabo kwakumele abathengele isinkwa, neziphuzo ezibandayo.

Isela belifunwa kodwa lingatholakali.


Aa
Bb
Cc
Dd
Ee
Ff
Gg
Ii
Kk
Mm

Bekusobala ukuthi bekukhona isela ekilasini. Abafundi base behlala njalo bebambe iziqukathi zabo zokudla.

Babengasakwazi ukudlala ngokukhululeka. Uthisha uhlele ukukhiyela lezi ziqukathi zokudla ekhabetheni lekilasi.

Wakhuza labo ababenomkhuba wokweba. Wathembisa ukuthi isela lizotholakala.


clean
green

Ngemuva kwezinsuku ezimbalwa, kunyamalale imali kwabanye abafundi.

Usuku nosuku, abafundi ababili noma abathathu, bakhala ngemali yabo elahlekile.

Bathola izikhwama zabo zesikole, nemali yabo yebiwe.

Uthisha wamangala lapho abafundi bekhala ngalokhu.

Wakukholwa lokhu lapho kwebiwa imali esikhwameni sakhe.

Isela elingaziwa lalinamandla phezu kwekilasi.



Uthisha wabhalela abazali izincwadi. Wabazisa ngesela ekilasini.

Ubuye wacela abazali ukuthi bafundise izingane zabo ukuthi zingantshontshi.

Kwakungekho mzali owavuma ukuthi ingane yakhe iyisela.

Uthishanhloko uphinde wakhuza abafundi ngengozi yokweba.

Ucele ukuthi amasela kumele eze kuye ukuze, athole usizo.



Ngelinye ilanga uMbali waya kuthisha wakhe ekhala. UMbali wayengumfundi okhaliphile.

Watshela uNkk Ngidi ukuthi incwadi yakhe intshontshiwe.

Uthole incwadi yakhe ingekho ngemuva kwekhefu. Isikhwama sakhe sesikole sasivuliwe. Incwadi yakhe yokubhalela yesiZulu ibingatholakali.



Le ncwadi ibifunwa yonke indawo, ngisho nasemasakeni abafundi.

Kepha ayitholakalanga. Uthisha ucele bonke abafundi ukuba beze ngaphambili.

Umfundi ngamunye kwakufanele aphakamise izandla zakhe.

Lokhu kube yinkinga kuThokozani indodana kaZaki. Ubebeka izingalo zakhe phansi esiswini.


Xit

Uthisha ube esetshela uThokozani ukuthi ame phakathi nekilasi.

Wacelwa ukuthi aphakamise izandla phezulu agxume.

Weqa kanye wabamba isisu sakhe.

Lapho egxuma okwesibili, incwadi yaphuma ngejezi lakhe.

UThokozani wazama ukuyiphushela emuva incwadi, kodwa yavele yawela emilenzeni yakhe.



Wonke amehlo ethe njo, kuThokozani. Abafundi babanga umsindo, bahleka futhi bamgcona.

Bamemeze “uThokozani wakwa Zakhi ulisela!” uThokozani wayengakholwa ukuthi lokhu kwenzeka kuye.

Wayecabanga ukuthi uyaphupha. Wayefisa sengathi umhlaba ungavele uvuleke umgwinye.



Abafundi abaningi babejabule ukuthi uThokozani utholakele nencwadi kaMbali.

UThokozani wayenabangane abathathu ababehlupha.

Babehlala behlupha amantombazane nabafana abancane ekilasini. Lolu daba aluzange lubikelwe uthisha.

Abafundi bebesaba ukushaywa nguThokozani nabangani bakhe

Thokozani wayesetholakele, wabheka phansi ngehlazo.



Uthisha watshela uThokozani ukuthi athathe incwadi emilendzeni yakhe.

Uthisha wamcela ukuba afunde igama elibhalwe encwadini.

Bonke abafundi bazithulele belalele uThokozani efunda.

Ufunde igama likaMbali ngehlazo eqhaqhazela. Abafundi bamhleka futhi bamklolodela bethi ulisela. Baveze ukuthi kutholakele isela ekilasini.



Uthisha wathulisa abafundi, wa duduza uMbali. Unikeze abafundi umsebenzi abazowubhala.

Ube esehamba noMbali waya kuthishanhloko. UThokozani uvumile ukuthi untshontshe incwadi kaMbali.

Wayengajabule ukuthi uMbali uhlakaniphe ngaphezu kwakhe.

UThokozani ubuye waveza abangani bakhe futhi, wadalula konke aba kwenzayo ekilasini.


CIPALS
FFICE
MARKET DAY
SURF

Abangani bakaThokozani abalibalanga ukudalula amaphutha abo.

Bakwamukele ukuthi bantshontshe amapensela, ukudla nemali.

Abazali babo babengakholwa ukuthi izingane zabo zingamasela.

Baxolisa phambi kukathishanhloko nothisha.

Baphinde bathembisa ukuthi bazofundisa izingane zabo ukuthi ziyeke ukweba.


AFRICA

UThokozani nabangane bakhe babuya ngehlazo ekilasini.

Ngekhathi bekhala; baxolisa kulabo abafunda nabo.

Bacela intethelelo ngokona kwabo.
Baba namahloni bazithoba.
Umuntu wayengabazwela.

Abafunda nabo bebengakholwa ukuthi yibo laba abanenkathazo.



Uthisha ubanikeze umsebenzi wokuhlanza ikilasi inyanga yonke.

Kwakufanele baphile ngokuzwana nabanye abafundi.

Wabahlukanisa futhi wabanikeza abafundi abangcono njengabangani.

Uthisha unxuse abafundi ukuthi babike uma kukhona abanye abantu ababahlukumezayo.

Ngokwenza njalo, ukweba kuzoqedwa ekilasini.

Kusukela ngalelo langa, kwaba noshintsho kuThokozani nabangani bakhe.

# UKUBONGA


**Ibhalwe ngu**
Khanyisa Mukansi

**Kufanekiselwa ngu**
Lutfia Kamish-Ebrahim

**Mhleli 1**
Pandelani Claudine Rambau

**Mhleli 2**
Deborah Shilenge

**Mhleli 3**
Rebecca Maluleke

**Umklami**
PixelPing Design

**Umhumushi**
Samkelisiwe Nyathi

**Umqinisekisi Wekhwalithi**
Patricia Siweya



ISBN 978-0-638-00771-8

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

2030 NDP

NATIONAL READING COALITION
LET'S GET SOUTH AFRICA READING

NATIONAL EDUCATION COLLABORATION TRUST